MAHALA

Msunduzi News

SIYINHLOKODOLOBHA

Masingana 2019 Vol. 2 No. 1

@msunduzinews msunduzinews.com



## ABASEBENZI NELIMA LOKUHLANZA IDOLOBHA

Banqume ukuba yingxenye yesixazululo Ikhasi 3

## UMSUNDUZI UTHI AKUTHUNYWE WONA KWEZEMIDLALO

Ikhasi 8

# Nawe Elandskop awumncinyane usuveze inkanyezi ngemfundo

### Uphume isibili kuzwelonke owakobantu eMsunduzi wathola o-A abayisikhombisa wavala ngama-100% kuMathematics

**nguSIYETHABA MHLONGO**

KUHLALE kunezikhalo zokuthi izikole zakobantu emakhaya nasemalokishini zisilele emuva ngenxa yokungabi nezinsiza. Lokhu kuliqiniso elingephikwe. Omunye wabafundi abavela kulezi zikole ufakazele inkulumo yesiZulu yokuthi nembala nakwandlwana kuyanetha. Lo mfundi nguNqobile Nzimande (16) obefunda eLangsyde Combined School ogile izimanga. Le ntokazi ehlala kwaDeda e-Elandskop ibeke indawo yangakubo noMsunduzi ebalazweni njengoba iphume isibili kuzwelonke ezikoleni zakobantu (Quintile 2). UNqobile uthole o-A abayisi-7, wavele wenza ezibukwayo wathola ama-100% kuMathematics, ama-99% kuPhysical Sciences, wathola ama-94% ku-English ne-Economics, wathola ama-93% kuLife Sciences neLife Orientation, wavala ngama-85% e-IsiZulu. Le miphumela imenze wamenywa nguNgqongqoshe Wezemfundo uMhlonishwa u-Angie Motshekga emcimbini wokuklomelisa abafundi bakamatikuletsheni eGoli.

Ekhuluma naleli phephandaba uNqobile uveze ukuthi isifiso sakhe ngukuyofunda eNyuvesi yaseKapa lapho amukelwe khona ukuba ayokwenza izifundo ze-Actuarial Science. Uphinde waveza nokuthi okwenze aphumelele kube wukuzikhandla njengoba inhloso bekuwukuthi aye enyuvesi.

"Nginethemba lokuthi ukuphumelela kwami kuzovuselela ithemba kwabanye abafundi nakwabasuka ezindaweni zasemakhaya. Ngike ngiphatheke kabi uma ngibona iningi lisishaya indiva isikole nabanye abaphinde bashiye phakathi ngoba bethi kuyafana vele imisebenzi ayikho. Singalwa ngemfundo ekutheni sithuthukise izindawo zangakithi, ikakhulukazi thina boHlanga," kusho uNqobile.

UNqobile uthe wathola ucingo mhla zingama-31 kuZibandlela ngonyaka owedlule nolwabe lumumemela emcimbini wabafundi abenze kahle. Lokhu uthi kwamenza woma ngoba akakaze acabange ukuthi nabakondlwana kuyabafanela ukuya ezindaweni eziphezulu nemicimbi esezingeni likazwelonke. "Ngijwayele ukubuka imicimbi yokuklonyeliswa kwabafundi kuthelevishini kodwa angikaze ngacabanga ukuthi ngelinye ilanga kungaba yimina oklonyeliswa emi kuleya ndawo," kusho uNqobile oqhubeke wathi enye yezinto ezenze waphumelela wukukwazi ukuhlela isikhathi sakhe ngendlela nokuyinto athi wazifundisa yona.

> "Nginethemba lokuthi ukuphumelela kwami kuzovuselela ithemba kwabanye abafundi nakwabasuka ezindaweni zasemakhaya. Ngike ngiphatheke kabi uma ngibona iningi lisishaya indiva isikole nabanye abaphinde bashiye phakathi ngoba bethi kuyafana vele imisebenzi ayikho

**Ukuzala ukuzelula**

Injabulo yomzali ibibonakala ebusweni. Unina kaNqobile uNkk uPhumzile Nzimande uthe uswele amagama namandla okubonga indodakazi yakhe ngendlela ebajabulise ngayo ekhaya. Ube esenxusa osomabhizinisi ukuba besekele indodakazi yakhe njengoba ingakawutholi umfundaze. "Ngeke azisole ozoxhasa indodakazi yami ngoba iyazinikela kakhulu emsebenzini wesikole. Ukuphumelela kwengane kungikhombise ukubaluleka kokwesekela izingane. Kumelekelele kakhulu ukuthi uyise wayenguthisha weMathematics neScience," kusho uNkk uNzimande.

Wenabe ngokuthi uNqobile



**Inkanyezi yoMsunduzi eklonyeliswe kuzwelonke ngokukhalipha, uNqobile Nzimande**
(Isithombe: Igunundu Press Images/Siyethaba Mhlongo)

wayesekwazi ukwenza inxanxathela yezibalo esesemabangeni aphansi elekelelwa nguyise. Akakubalekelanga ukuthi yize ejabule kepha kumphatha kabuhlungu ukuthi ingane yakhe ingase iyofunda kude nekhaya.

"Bengazi ukuthi uNqobile wenza kahle esikoleni ngoba kusukela emabangeni aphansi othisha bakhe babengazisa ukuthi wenza kahle. Mina ibuye ingethuse nendlela abambabaza ngayo abantu," kusho uNkk uNzimande.

Isikole iLangsyde sithole ama-98.84%. Singesinye sezikole ezenze kahle eMsunduzi. Siphume isi-5 ohlwini lwezikole ezenze kahle, kanti isona esihambe phambili ezikoleni zakobantu eMsunduzi. **(Qhubeka ufunde ikhasi 2)**

IZINOMBOLO EZIMQOKA - ANTI CORRUPTION 0801 000545 FAX 0800 007788

**IHHOVISI LOMHLELI**

Suite D6, Block D,
Meyrickton Park,
2 Meyrickton Place
Hillcrest,
KwaZulu-Natal,
3610

PO Box X821
Hillcrest
3650

editor@msunduzinews.com

**IZIKHANGISO**

Mayelana nezidingo zakho zokukhangisa ungaxhumana nathi kule nombolo: 031 765 3302 noma kule email: sales@igunundu.com

**THOLA I-MSUNDUZI NEWS**

Iphephandaba uMsunduzi News litholakala eMgungundlovu namaphethelo. Uma ufisa ukuzitholela amakhophi oMsunduzi News, ungaxhumana nathi kule
Email: sales@igunundu.com
noma ngocingo ku: 031 765 6662

**ISIBOPHEZELO**

I-Msunduzi News izinikele ekuletheni izindaba eziyiqiniso ngolimi lwakho. Izintatheli zethu ziqeqeshwe ngokwanele futhi zihlale zenza okusemandleni ukuqinisekisa ukuthi ezikubhalayo kucwaningwe ngokuphelele ngaphambi kokwethulela abafundi.
Uma unombono noma izindaba obona zifanele ukushicilelwa i-Msunduzi News sithinte kule minningwane; Ucingo: 031 765 3302, Fax 031 765 2187, Email: editor@msunduzinews.com noma usibhalele ku: PO Box 533, Hillcrest, 3650

**ILUNGELO LOKUSHICILELA**

I-Msunduzi News ishicilelwa yi-Igunundu Press, (Pty) Ltd. Konke okushicilelwe kuleli phephandaba, ngisho amagama asoshicilelweni lwasemoyeni (online), okufaka izindaba nezithombe ungokwelgunundu Press Images, ngaphandle uma kuveziwe ukuthi akunjalo. Ilungelo lokushicilela noma ukusebenzisa okushicilelwe kuleli phephandaba ngelegunundu Press (Pty) Ltd, ngokomthetho i-Section 12(7) of the Copyright Act of 1978. Imibono eshicilelwe kuMsunduzi News akuyona eyoMhleli, abasebenzi noma abashicileli baleli phephandaba.

**UKUCOPHELELA**

Uma ubona amaphutha ezindabeni esizilobile, siyacela ukuba usazise ukuze siwalungise. Ungasithinta ngenye yalezi zindlela ezingezansi.
Ucingo: 031 765 6662,
I-fax 031 765 2187,
I-email: editor@msunduzinews.com
Ikheli: PO Box 533, Hillcrest, 3650

**Ithimba loMsunduzi News Team**

| | |
|---|---|
| Editor-in-Chief | Nhlanhla Mtaka |
| Associate Editors | Dez Khumalo |
| Sub Editor | Nhlanhla Xala |
| Digital Content | James Wilmans |
| Distribution | Mnyamezeli Mtaka |
| Journalists | Siyethaba Mhlongo |
| | Luvuyo Thahla |
| | Sabelo Maphumulo |
| | Manunu Maphungubwe |

@MsunduziNewsOfficial @MsunduziNews editor@msunduzinews.com

**UMA UNOMBONO:** Thumela imibono yakho kuleli kheli: Suite D6, Block D, Meyrickton Park, 2 Meyrickton Place, Hillcrest, KZN, 3610. Incwadi yakho kumele ibe negama nekheli lakho futhi ingeqi emagameni angamakhulu amathathu. Incwadi kumele ifinyelele kuMhleli lingakashayi ihora lesihlanu ngemiSombuluko.
**EMAIL**: editor@msunduzinews.com
**FAX**: 031765 2187. Umhleli unelungelo lokufingqa incwadi ebhalwe yeva enanini elibekiwe lamagama.

Press Council

UMsunduzi News uzinikele ekusebenzeni ngaphansi kwemigomo yePress Council yakuleli, ethi izindaba kumele zibikwe ngokweqiniso, ngokucophelela, ubulungiswa obuhambisana nokunikwa kwethuba kwabathintekayo. Uma usola ukuthi le migomo asiyilandeli ngendlela, xhumana noPress Ombudsman ngokumbhalela ku-2nd Floor, 7 David's Park, St David's Place, Parktown, 2193 noma ku-PO Box 47221, Parklands 2121. Ungathumela ne-email ku-pressombudsman@ombudsman.org. za. I-website ithi www.ombudsman.org.za

# Kube yizinyembezi zenjabulo kugogo

## Emuva kweminyaka engama-35 esebenza ezindlini umqashi umshiye ngaphandle wamcosha uMkhandlu

**nguLUVUYO THAHLA**

NGOKOMTHETHO wezwe zonke izakhamuzi zaseNingizimu Afrika zinelungelo lokuba nophahla. Kusuka ngowezi-1994 uHulumeni uyazama ukuthi lokhu kwenzeke ezigidini zabantu bakuleli. Omunye osengufakazi ngemizamo kaHulumeni yintombi endala, ugogo uBonisiwe Duma (76) nothi uma ezeka umlando wakhe athi wayesebenza ezindlini iminyaka engama-35 nokwathi kungadlula umqashi wabe esephelelwa yindawo yokuhlala enesithunzi. Nokho isikhalo sakhe sizwakele njengoba uMasipala ahlala ngaphansi kwawo uyiphendulile imikhuleko yakhe.

Kube yinjabulo yodwa ngesikhathi ohola uMasipala, iMeya uMnu uThemba Njilo ephahlwe nguMphathiswa woMnyango Wezohlaliswa KwaBantu uMnu uRavi Pillay kanye neBambabukhosi lesizwe samaNadi, uNdlunkulu uZondi bethula ikhaya likagogo elisha. Nomphakathi wakwaShange ubukhona ukuzoba ngofakazi.

Wehlulekile ukuzibamba umntomdala ngalokhu okwenzeke kuye nasemndenini wakhe. Ucele umphakathi ukuba umamukele njengelungu lawo.

"Ngicela uBukhosi bendawo bungamukele. Ngibonga kakhulu uNdlunkulu uZondi ngokungenza ilungu lomphakathi. Kuyima kukhuphuka injabulo ngoba sengiyabona ukuthi senginomuzi wami ngempela. Abantu abadala njengami abahambise izinkinga zabo kuHulumeni uzobalekelela. Bengingazi ukuthi ngesikhathi sokuphela kwezinsuku zami abazukulu bami bayosala nani. Manje sengiyokwazi ukuthi basele nekhaya," kusho ugogo wakwaDuma.

Uqhube ngokuthi lo mqashi ayemsebenzela iminyaka engama-35 wamtshela emehlweni ukuthi ngeke amshiye nalutho ngoba ubengumsizi nje: "Bengingasazi ukuthi ngizohlalaphi ngoba lo muzi wayesewudayisele abanikazi abasha." Amehlo kagogo uDuma abegcwele izinyembezi zenjabulo.

UNdlunkulu uZondi wamaNadi unconywe kakhulu ngokuba nesandla ekutholeleni ugogo isiza. Ephawula ngalokhu uNdlunkulu uthe: "Lo mhlaba uvele ungowokwelekelela abantu. Kuyangijabulisa ukuthi ngikwazile ukusiza omunye umuntu wesifazane odingayo nokuyinto njengoBukhosi esingayithathi njengento okungaze kuthiwe iyinhlanhla ngoba



UMphathiswa uPillay, IMeya uNjilo noNdlunkulu uZondi benikezela ngendlu (Isithombe: Igunundu Press Images)

sikhonela lokho," kuphetha uNdlunkulu.

Ikhansela lendawo uMnu uMlungisi Zondi ubonge uHulumeni ngokukwazi ukunakekela abantu, waphinda wabonga noNdlunkulu ngokungenelela anikele ngendawo. Uqhubeke nokubonga umphakathi ngokwamukela ukwakhelwa kukagogo uDuma indlu bebe nabo bedinga.

"Ngiyanibonga mphakathi ngokwamukela ugogo uDuma ngoba beningayizwa kahle eyokwakhelwa kwakhe indlu engelona ilungu lomphakathi wendawo. Nikhombise obukhulu ubuntu. Asifisi ukuthi njengoba ugogo wakwaDuma ehlala nezingane bese kuba khona abantu abazohamba bayomgqekezela," kuphetha iKhansela.

UMphathiswa uPillay akasalanga ngaphandle njengoba ezwakalise ukujabula ngokuba kwaShange, wabonga uMsunduzi ukuthi noma ubhekene nomqansa omkhulu wokwakha izindlu eziyizi-25 000, kodwa usuzikhathulile izindlu eziyizi-23 500 kwaVulindlela.

"Yize indlu kagogo ingekho ohlwini lolu lwezindlu eziyizi-25 000 bekumqoka ukuba abonelelwe. Sibonga nosomabhizinisi abaphonse isandla kulokhu kubalwa neThemba Njilo Foundation ekulekeleleni ukuba kufakwe impahla yasendlini," kusho uMnu uPillay.

IMeya uNjilo ngalokhu obekwenziwa uthe: "Ngijatshuliswa ukubona impilo kagogo uDuma iguquka ngomzuzu, nabazukulu bakhe nginesiqiniseko sokuthi bazohlala bafudumale. Sikwazile ukuthi siziyale izingane ukuze ziwugcine usesimweni umuzi futhi uhlanzekile," kusho uMnu uNjilo.

Uveze khona lapho ukuthi sebebone nesinye isimo esingesihle endaweni okungumuzi kaNkk uHlatshwayo osehlala nezinyoka (enye yaze yabulawa yithimba elabe lize kwaDuma) kungena namanzi uma lina. uMnyango Wezokuhlaliswa KwaBantu uthembisile ukuthi bazomakhela umuzi uNkk uHlatshwayo nokulindeleke ukuthi uphele ngoMbasa nonyaka.

USihlalo wophiko iSustainable Development uNkk u-Eunice Majola uzwakalise ukujabula ngokwakhela ugogo wakwaDuma umuzi, kungeminye yemisebenzi abaziqhenya ngayo bewuMsunduzi besebenzisana noMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu.Uthe uma besebenza ngokubambisana kwenza kube lula ukuthi baguqule impilo yabantu ngokushesha.

"Into emnandi ukuthi umuzi kagogo uDuma awungeni kulolu hlelo lwezindlu oluqhubekayo kwaVulindlela kodwa kuvulwe iwindi ngoba umsebenzi kaMasipala owokuthi unakekele abantu. Nabanye basazokwakhelwa uma sibona ukuthi kumele ngempela bakhelwe imizi, njengoba kukhona osetonyuliwe futhi kule ndawo," kusho uNkk uMajola.

Oyilungu lomphakathi uMnu uThemba Dlamini uzwakalise ukujabula ngokuba nomakhelwane omusha. "Ngeke azizwe engesilona ilungu lomndeni, ngoba thina kule ndawo siyathandana sizithatha njengomndeni, naye sizomvikela njengamanye amalungu omphakathi akhona," kusho uDlamini.

**EZEMFUNDO**

# UMsunduzi uziqwaqwade amakhanda kumatikuletsheni

**nguSIYETHABA MHLONGO**

USUKU obelukade lumenyezelwa lufike lwedlula. Imiphumela yebanga le-12 imenyezelwe kwaqinisekiswa nokuthi isifundazwe iKwaZulu-Natal senze kahle.

Ethula imiphumela yesifundazwe uMphathiswa Wezemfundo uMhlonishwa uDlungwane uthe: "Siyajabula ukusho ukuthi sekungokwesithathu kulandelana siphumelela ukukhulisa izinga lokuphasa esifundazweni. Ukuphasa ngowezi-2018 kube ngamaphesenti angama-76.2 okwukwenyuka ngama-3.3% emiphumeleni yangonyaka wezi-2017.

Ukusebenza kwangowezi-2018 kukhombisa ukuthi njengesifundazwe sinezinhlelo ezidingekayo ezikahle esizoqhubeka siziqinise. Njengoba sihlala sisho sisemgudwini ofanele ngempela. Ngalesi sisekelo esiqinile sihlose ukuzuza amaphesenti angengaphansi kwangama-80 ezinga lokuphasa kulo nyaka," kusho uDlungwane.

Isifundazwe besinababhalise ngokugcwele abayizi-116 152 kanye nabayizi-13 103 abababhalise imfundo yabadala i-Adult Education and Training (AET) ababhale ukuhlolwa kwabo okube yisibalo esikhulu ezweni.




UMhlonishwa uDlungwane

Uma kufika emiphumeleni yesifunda uMgungundlovu, uMsunduzi uziqwaqwade emakhanda, ungaqali. Kubafundi abahambe phambili kube nguRechel Rose kanye noNqobile Nzimande. URechel Rose uhambe phambili kuQuintile 5, kanti uNqobile uhambe phambili kulezo zikole ezingaphansi kukaQuintile 2. Abanye kube yilaba; uDlamini Kwandile kuCivil Technology weM.L Sultan PMB, uWood Brett ku-Accounting weMaritzburg College, uNzimande Nonduduzo ku-Agricultural Science wase-Amakholwa Secondary, uKhulasande kuBusiness Studies weHaythorne Secondary, uGovender Leveshan ku-Economics weMaritzburg College, uNzimande Nqobile ku-English FAL, kuMathematics nakuPhysical Sciences weLangsyde, uPiek Jered kuLife Sciences weMaritzburg College, uMazibuko Smanga kuMathematics Literacy weSilver Heights Secondary, uBudhram Abhishek kuGeography weRaisethorp, uZuma Ayanda kuHistory Langsyde, uDlamini Bonginkosi kuHistory Pietermaritzburg Girls High.

### Izikole ezenze kahle

Ezikoleni ezenze kahle iMaritzburg College ithole ama-100% kubafundi abangama-244, kanti isithole ama-100% iminyaka emithathu ilandelana. Ezinye zezikole ezithole ama-100% i-Pietermaritzburg Girls High ekubhale abafundi abangama-222 naso esinomlando wokwenza kahle kumatikuletsheni. Yize singawatholanga ama-100% ngonyaka wezi-2017 ngenxa yomfundi oyedwa ongaphumelelanga. Isikole sobuciko iChistlehurst Arts ithole ama-100% kubhale abafundi abayisi-8 kanye neMaritzburg Muslim okubhale abafundi abangama-54.

# Izisebenzi nelima lokuhlanza idolobha

## Zinqume ukuba yingxenye yesixazululo kunokukhononda ezasemahhovisi kaMasipala ukuze ubuso bedolobha buphaphame

**nguSIYETHABA MHLONGO**

NGESIKHATHI umphakathi uphuthuma ukuya emsebenzini ekuseni kusempondozamnenke ubuvika ocwazi kanye nokhula edolobheni. Abasebenzi baseMsunduzi beholwa iBambameneja ledolobha uNkk uNelisiwe Ngcobo badele imisebenzi yasehhovisi baya kohlanza idolobha mhla ziyisi-9 kwephezulu. Laba basebenzi bebenza lokhu ngaphansi kwesiqubulo i-Operation Mbo!.

Ephawula lowo obambe njengeMeneja kaMasipala uNkk uNgcobo uthe lokhu abakwenzayo kuyimpendulo ezikhalweni ebezivela nxa zonke: "Inhloso yalo mkhankaso ukuhlanza idolobha ngenxa yokuthi sithole izikhalo kosomabhizinisi abahweba edolobheni. Ngaphandle kwalokho nathi siyabona okuyizinkinga."

Ube esegcizelelela ukuthi akusizi ukukhombana ngeminwe noma ukulindela ukuthi umsebenzi othize wenziwe ngabaqashelwe wona ngoba uma kunenkinga igama elilimalayo ngeloMkhandlu hhayi umnyango noma umsebenzi thizeni. Kulokhu nje uthe balekelela iMnyango emibili, obhekele ukuqoqwa kwemfucuza kanye nowamapaki

Uqhube wathi, "Ngingaba umuntu osebenza ehhovisi isikhathi esiningi kepha ngaphambi kokuthi kukhulunywe ngokuthi umasipala awunamali abantu baqale bawehlulele ngokuhluleka ukuhlanza idolobha, nokuyinto engubuso bukaMasipala."

UNkk uBoniwe Zulu oyiMeneja kwaCommunity Services uthe okumqoka wukuthi lihlanzwe lonke idolobha ngisho namalokishi imbala. Wabe esethi okwamanje okwenza kubhekwe izindawo eziphakathi edolobheni wukuthi yizo ezingubuso bukaMasipala.

Isikhulu esisebenza eHhovisi leMeneja Yedolobha, uNks uMadeliene Jackson yena uthe: "Namuhla sizilungiselele ukuzithola singcolile nazo zonke izikhulu zeminyango eyahlukahlukene. I-Operation Mbo kimi isho ukuthi kuhlanganyele wonke umuntu ekutheni kuhlanzwe idolobha kube nokuziqhenya ngokuba yisakhamuzi saleli dolobha."

UMnu uBongumusa Zondi osebenza kuHuman Settlements uveze ukuthi ukuba yingxenye yohlelo lokuhlanza idolobha yinto enesikhathi eside eyilangazelela ukuthi abe yingxenye yayo. "Bengibona ukuthi idolobha alihlanzekile ngale ndlela ekumele lihlanzeke ngayo, futhi bekungifakela ingcindezi njengomsebenzi kaMasipala ukuthi ngihamba kanjani endaweni enje. Lolu hlelo ngibona kumele luqhubeke lwenzeke njalo," kusho uMnu uZondi.

UMnu uWisman Thabethe oqhamuka kwaRoad & Transportation yena uveze ukuthi ukubamba kwabo iqhaza ku-Operation Mbo kuzobenza baqonde ukusebenza kweminye iminyango bangazi lo abasebenza kuwona kuphela. "Lolu hlelo luzokwenza ukuthi kube nesesisindo njengoba uMasipala enenhloso yokuba nedolobha elihlanzekile, sizokwazi nokuvula imisele esanda kuvalwa imvula ebinamandla kanjalo nezitamukoko zivuleke ukuze zikwazi ukwamukela amanzi," kusho uThabethe.

### Nomphakathi wenanele

Inkosazane ebibonakala ithukile ibona abasebenzi bakaMasipala beyifu uMpume Zondi waseWillowfontein uthe uyathuka ukubabona bekanje ngoba ababukeki benenswebu yokusebenza emgwaqweni. Lokhu kuzikhandla kwabo beyizikhulu ubona kuwukukhombisa kwabo ukukhathalela idolobha. "Le nto abayenzayo izosiza ekutheni noma sekufika izivakashi idolobha lihlezi lisezingeni eliphezulu.

















**Njengesikhonyane izisebenzi zikhwinxe imikhono zikhuculula ukungcola edolobheni ngenhloso yokuba libe ubuso obuhlanzekile**
(Isithombe: Igunundu Press)

Ukube benginesikhathi kwamina luqobo bengizoba yingxenye yabo ukuze sibe sendaweni ehlanzekile," kusho uNks uZondi.

Bekunowesilisa okha amanzi emgwaqweni uPietermaritz, uMnu uSiyanda Xaba ohlala emgwaqweni. Le nsizwa iveze ukuthi isebenzisa la manzi angasetshenziswa ukuze ikwazi ukuphila. "Isigubhu samanzi ngasinye ibiza ama-R8.00. Ngisidayisela labo abashayela amatekisi ukuze bahlanze izimoto," kusho uMnu uXaba. Uthe njengoba besuke beyokha amanzi basuke bengazi ukuthi ngubani ozothenga amanzi kodwa basuke besazoyowadayisa emarenki.

Bashiya izigubhu phakathi esitamukokweni nokungase kube nobungozi bokuvaleka kwazo. Isitamukoko besivalekile nokungazeki ukuthi ngabe asivalwa yini izona lezi zigubhu. UXaba uthe akakaze acabange ukuthi ukushiya kwabo izigubhu esitamukokweni kungaba nobungozi bokusivala. "Uma lina siyazikhipha nantambama siyazikhipha ngoba isifuni zigcine sezintshontshwa."

Ephawula ngalokhu uNks uJackson uveze ukuthi kokwenziwa nguXaba alikho icala, kunalokho yena ubona usomabhizinisi, "Akwenzayo akuphuli mthetho kaMasipala. Kubalulekile ukuthi aqonde ubumqoka bempilo yabantu kanye neyakhe ngokuqaphela ukuthi ekuhwebeni kwakhe ngabe amanzi lawo ahlanzekile yini noma akulungele ukuphuzwa ngumphakathi. Okwesibili wukuthi izigubhu azisebenzisayo azigcini seziyimfucuza engenza umonakala lapho amanzi engasakwazi ukungena lapho okumele aye khona," kusho uNks uJackson.

Akunankinga ngoba mina ngimbuka njengomuntu obuke ithuba wacabanga ibhizinisi, ngoba ngeke sikubalekele ukuthi la manzi ngeke asasebenza, kuphela kumele baqaphele ukuthi bangashiyi izigubhu zabo esitamukokweni ngoba zingaba nobungozi uma sekunezikhukhula.

Umshayeli we*meter taxi* uMnu u-Andile Mahlaba ujabulile ngesenzo sabasebenzi bakaMasipala. "Besesihlaselwe ukhula la sima khona. Lolu hlelo luyasilekelela njengabashayeli hhayi bamatekisi kuphela ukuthi kungabi khona mshayeli ozohamba ebaleka emgwaqweni ngoba evika okuthize. Ngibona ukukhathalela izakhamuzi mina kubasebenzi bakaMasipala," kusho uMnu uMahlaba. Osebenzela iMsunduzi Pietermaritzburg Tourism Association uNkk uZama Nxasana uveze ukuthi lolu hlelo luzogalela kakhulu kulo mkhakha abakuwona.

"Ukuhlanzeka kwedolobha kuzoheha izivakashi, zibe nesithombe esihle ngendawo eyinhliziyo yomnotho wethu," kusho uNkk uNxasana.

IZINOMBOLO EZIMQOKA - FIRE AND RESCUE 080 00033911

**UMNOTHO WENDAWO**

# Iyacabeka eyokukhulisa umnotho wendawo eMsunduzi




**Ababehambele umhlangano wokukhulisa umnotho kuMasipala uMsunduzi okwakukhona kuwo oNgqongqoshe bemiNyango eyehlukene** (Izithombe: Igunundu Press/Siyethaba Mhlongo)

**nguSIYETHABA MHLONGO**

KUKHONA ukuvumelana ngeqhaza lamabhizini asakhasayo emnotheni wezwe. Khona lapho uMasipala uMsunduzi udaba lokuthuthukisa lo mkhakha ulubeke eqhulwini njengeqhingasu ekuthuthukiseni umnotho wendawo. Lokhu kube sobala ngesikhathi lo Masipala oholwa yiMeya uThemba Njilo wamukela uNgqongqoshe woMnyango Obhekele Amabhizinisi Asakhasa, uMhlonishwa uLindiwe Zulu. UMhlonishwa obengahambi yedwa njengoba bekukhona uSekela Ngqongqoshe wakwaTrade and Industry, uMhlonishwa uBulelani Magwanishe, uSekela Ngqongqoshe wakwaEconomic Development, uMhlonishwa uMadala Sisuku, uSekela Ngqongqoshe wakwaSmall Development, uMhlonishwa uCassel Mathale, uSekela Ngqongqoshe wakwa-Environmental Affairs, uMhlonishwa uBarbara Thompson. Omunye owayekhona nguMhlonishwa uRuth Bhengu onguSihlalo weKomiti lePhalamende elelusa ukusebenza koMnyango Obhekelele Osomabhizinisi Abasakhasa.

"Sibonge kakhulu singuMnyango sihamba neminyango eyahlukahlukene ukuthi sibe seMsunduzi ngenhloso yokweseka imifelandawonye engama-30 ekhona kule ndawo. Sibonga ukuthi lo msebenzi okukudala ututoba kungabi nanqubekela phambili kuyona esekuphele iminyaka emine ugcine usukumile. Kudala abanikazi bayo bayisungula bebizwa ngeKings of Midlands," kusho uMhlonishwa uZulu.

Enkulumweni yakhe uZulu uvumile ukuthi kuke kwanamathizethize nabebangwa phakathi kokunye ngasohlangothini lukaHulumeni ukungaqondi ukusebenza kwemboni yamatekisi. Uphinde waphawula nobumqoka bokubambisana kweminyango kuzwelonke kanye noHulumeni Bendawo.

"Silapha eMsunduzi ngoba sifisa ukukhombisa umphakathi ukuthi uma uHulumeni Kazwelonke ebambisene noHulumeni Wendawo izidingo zingafinyelela kalula kubantu. Inhloso ngqangi yalolu hlelo ngukuthuthukisa umnotho waboHlanga, sakhe umcebo. Sizobuya ngoNdasa ngenhloso yokuzokwelusa ukuthi ngabe lokhu esizokubheka kule ndawo kuyenzeka yini," kusho uMhlonishwa uZulu.

Ephawula ngomklamo asebewuhlakulile uMnu uNkosinathi Nkomo onguSihlalo weKings of Midlands nobuye abe nguSekela sihlalo weSANTACO uveze ukuthi baqala ngonyaka we-1994 ngesikhathi bethula iqhingasu lokuvula isikhwama lapho bezothengelana khona amatekisi, bangathathi imali bayoyipha abezizwe. Ngezifiso abanazo ukuya phambili uNkomo uthe: "Kuyisifiso sethu ukuba sibe nendawo yethu yokwetha uphethiloli kanye nendawo edayisa amasondo kanye nesitolo sokudayisa izitho zezimoto (spares shop). Sinesiqiniseko sokuthi ngeke simphoxe uHulumeni, ngoba sifisa nakwezinye izindawo bathole isibonelo futhi bathathisele kithi. Sihlose ukuba yisibonelo esihle hhayi emphakathini waseMsunduzi kuphela kepha nasemphakathini waseNingizimu Afrika," kusho uNkomo.




**IMeya uThemba Njilo noNgqongqoshe uLindiwe Zulu**

### Ukubeka kukaSokhaya

Ngalolu suku injabulo ibibhalwe ebusweni kuNjilo njengoba obekwenzeka akuhumushe ngokuthi kuqhubezela phambili iphupho likaMasipala nxa kukhulunywa ngokuthuthukiswa komnotho wendawo: "Okwenzeka lapha kuseka lokhu esesikuqalile njengoMasipala. Futhi uma sehlulekile ukuthi sisebenzise leli thuba esinikwa lona kuyobe sizigwaza ngowethu. Okwenziwe ngosomatekisi kusivezela okukhulu esingakwenza sibambisene ngoba imizamo yokutakula abantu bakithi obhukwini lobubha ingumsebenzi wethu sonke, akuwona okaHulumeni kuphela," kusho uNjilo ebigcagcele esokeni kuye.

Isikhulu soMnyango iSustainable Development and City Entities kuMasipala, uNkk u-Ursula Ntsubane wenabe ngezinhlelo zokulekelela abasakhasayo wagxila kuKings of Midlands; "Njengoba le nhlangano iKings of Midlands isinxusile ukuthi siyilekelele ngendawo yokusebenza, singu Msunduzi sesisezinhlelweni zokuthi bathole umhlaba lapho bezosebenzela khona, ukuze bakwazi ukusabalala kulokhu abakwenzayo. Kuyangijabulisa ukubona inhlangano esinesikhathi eside kangaka ngoba izinhlangano aziyiqedi iminyaka emibili. Ngoba bayahluleka ngukwazi nokuthola uqeqesho lokuthi izinhlangano zisebenza kanjani. Kungumsebenzi wethu ukuthi izakhamuzi zase Msunduzi ziqeqesheke ukuthi izinhlangano zisebenza kanjani. Sijabula kakhulu ukuthi namhlanje sisebenzisana noHulumeni kuzwelonke ekuqinisekiseni ukuthi izidingo ziyafinyelela kubantu," kuphetha yena.



**UMnu uNkomo onguSihlalo weKings of Midlands**




**Ababethamele ukudodiswa kwezingane zabafana njengendlela yokulwisana nokuhlukunyezwa kwabesifazane** (Izithombe: Igunundu Press/Siyethaba Mhlongo)

# IMeya ithi izingane zabafana azingashiywa ngemuva

## Bayavumelana ukuthi impendulo ekuhlukunyezweni kwabesifazane nezingane ilele kwabesilisa

**nguLUVUYO THAHLA**

ININGIZIMU Afrika ibhekene nengwadla yokuhlukunyezwa kwabantu besifazane. Lapha umunwe ukhomba kwabesilisa abakuwo wonke mazinga okukhula. Ngakolunye uhlangothi ziningi izinhlelo ezicija abantu besifazane, okufana noMkhosi kaZulu, uMhlanga obanjwa minyaka yonke. Isikhalo esikhona kulokhu wukuthi ngesikhathi umkhulu umsebenzi owenziwa ezinganeni ezingamantombazane kuncane okwenziwa kubafana. Ekufakeni ihlombe ezinhlelweni eziqondene nabafana nabesilisa, IMeya yaseMsunduzi iKhansela uNjilo iqhuba uhlelo olubizwa ngeFather and Son. Kulolu hlelo kumenywa obaba kanye namadodana. Umhlangano wokuqala ubanjwe mhla zili-17 kuZibandlela kanti ubuhanjelwe phakathi kwabanye abantu nezinhlanga, bekungabefundisi bamabandla ahlukene, aMakhosi, amakhansela kanye namalungu omphakathi.

UNjilo obehamba namadodana akhe amabili kulo mhlangano uthe ukucijwa kwabafana kumele kuqale kubo abaholi emakhaya. "Umphakathi ubuka kithi ngakho kumqoka ukuthi ekuhambeni kwethu sikhombe indlela; sihole, sibe yisibonelo. Njengoba nami ngifike nabami abafana nje yingoba ngifisa ukudlulisa umlayezo othi akukhathaleki ukuthi ungubani, izingqinamba ezibhekene nezingane zethu zabafana ziyefana. Nazo izingane zami ngethemba ukuthi ngokuza lapha zizofunda ukuthi injobo ithungelwa ebandla", kusho iMeya.

Enye yamadodana kaNjilo uPhumlani ubonge uyise 'ngokuzomdodisa': "Ngokwami ngibona lubaluleke kakhulu lolu hlelo ngokubheka izingqinamba umphakathi obhekene nazo. Ngokosikompilo izinhlelo ezinjengalezi zingalekelela ngoba uma ubaba engakwazi ukuthi akhulise indodana ngendlela, indodana ngeke yazi ubumqoka bempilo nokuziphatha emphakathini. Lolu hlelo luzolekelela ekutheni nalabo abasebancane kodwa asebeyizinhloko zemindeni badodiswe."

**NobuKhosi bebukhona**

Lo mcimbi ube nesithunzi njengoba ubuhanjelwe ngisho nangaMakhosi akhele uMsunduzi namaphethelo. Enye yaMakhosi amadala endaweni, iNkosi uZondi yesizwe sakwaMpumuza ibikhona.






**UMfundisi uMvunga Khomo, iNkosi Yesizwe sakwaMpumuza noNdlunkulu wamaNadi**

Khona lapho naleyo ebisanda kubekwa ngokusemthethweni ngoNcwaba esizweni samaNadi, iBambabukhosi uZamathuli Zondi naye ubekhona. Yethula inkulumo iNkosi yesizwe sakwaMpumuza ituse isenzo seMeya nethe siyisenzankakhona.

"Ukufakazela inhloso yalolu hlelo thina singamaZondi abesifazane siyabahlonipha, isibonelo ukuthi nansi iNkosi yamaNadi ingumuntu wesifazane nokukhombisa ukuthi siyabubona ukubaluleka komuntu wesifazane," kusho uNondaba. Uqhube ngokuthi ukuba khona kwalolu hlelo lumvule amehlo njengoba naye engumholi ukuvezile ukuthi lolu hlelo akusilona uhlelo olufanelwe ukuthi luphelele eMsunduzi kepha yonke iNingizimu Afrika kumele ibe nalo, waqhuba ngokuthi lolu hlelo unesifiso sokuthi lufike nakuso iSILO ukuze seluleke ukuthi lungangena kanjani kulo lonke eleNdlovukazi uMthaniya.

UMfundisi uMvunga Khomo ukhulume ngalokho akubize ngechilo njengoba ethe eminye imikhuba yenzeka khona ezindlini zokukhonza "Sifisa ukudlulisa umlayezo othi noma ngabe uhlukumezeka endlini yesonto bika. Thina njengebandla asivumelani nemikhuba lena egilwa emabandleni nasemiphakathini yethu. Njengebandla okwethu ukuvikela labo ababuthaka", kuphetha uKhomo. Lo



**IMeya yaseMpendle, eyaseMsunduzi neyaseMkhambathini**

msebenzi ubuzinyaziswe nayiziMeya ezivela kwezinye izindawo ezakhelene noMsunduzi. Ibikhona eyaseMkhambathini, iKhansela u-Eric Ngcongo kanye neMeya yaseMpenndle iKhansela uNdlela.

Bonke abebethamele lo mhlangano baphethe ngokuvumelana ngobumqoka bomhlangano bazibophezela ekushayeni ikhwelo ukuze isihlava sokuhlukunyezwa kwalabo abangenamandla ikakhulukazi abesifazane nezingane sinqandwe. Babuye bavumelana ekutheni isixazululo esingujuqu ekuhlukunyezweni silele ekwakhiweni kwezingane ezingabafana.

# Msunduzi Municipality

# EXTERNAL ONLY

**The Msunduzi Municipality, The City of Choice hereby invites applications from competent, innovative and committed individuals for the following positions. The Municipality is committed to the aims of the Employment Equity Act. This Municipality subsidizes its employees in terms of the following benefits: Medical Aid, Pension Fund, Unemployment Insurance Fund, Housing Subsidy and Car allowance (where applicable). NB: All qualifications must be accredited by South African Qualifications Authority (SAQA)**

## COMMUNITY SERVICES

### PROJECTS FOREMAN (CITY / NOTHERN AREAS)

**(CSE270019)**
**VAC No: CSE01/19**

**Basic Salary**
R305 734.14-R396 856.89pa (T12)

**Qualifications/ Requirements**
Trade Tested Artisan + Supervisory certificate/ Management certificate
Code EB Driving license
3-4 years of experience

**Key Performance Requirements**
Coordinate the maintenance operations of the Public Buildings, Inclusive of monitoring and implementing procedures, maintaining effectiveness of repair and maintenance to Public Buildings
Establish resource requirements
Plan and schedule work for planned and predictive programmes and evaluating outcomes
Monitor and attend to deviation s in productivity and performance and attending to specific administrative and information reporting requirements and processes

### PLUMBER

**(CSE270025)**
**VAC No: CSE02/19**

**Basic Salary**
R219 371.08- R284 750.99(T10)

**Qualifications/ Requirements**
Trade Tested Artisan (Plumbing) – NQF Level 4
Code E Driving License with PDP
1-2 years of experience

**Key Performance Requirements**
Control the set-up, work in progress and completion of activities associated with the installation, maintenance and repair to water reticulation system, including, monitoring and correcting the productivity and performance outputs of support personnel
Attend routine / general administrative recording requirements in order to ensure downtime and disruptions is minimised contributing positively towards sustaining acceptable service standards.

### EDUCATION OFFICER

**(CSE500017)**
**VAC No: CSE03/19**

**Basic Salary**
R219 371.04-R284 751.99pa (T10)

**Qualifications/ Requirements**
Professional Health Nurse with relevant Training / Education Diploma / Degree –NQF Level 6
Certificate of Competence HIV & aids counselling
Computer Literacy – MS Office Applications
3-4 years' experience
A valid code EB Driving license –PrDP

**Key Performance Requirements**
Coordinate the application of procedures and sequences associated with an HIV/ AIDS awareness program through inspection, monitoring, evaluation, training / education, and reporting.
Disseminate information and/ or advice on practices that negatively impact on Communities and implement appropriate measures to curb and control HIV/AIDS Risks in order to ensure the provision of a better quality of life in the Msunduzi region.

### ECC CONTROLLER X 3

**(CSE350238/350230/250231)**
**VAC No: CSE04/19**

**Basic Salary**
R194 823.23-R252 911.70pa (T9)

**Qualifications/ Requirements**
Grade 12 or Matric
With similar experience in Fire –Fighter or Policing, Security and any Emergency Service experience
Computer Literacy – MS Office Applications will be added advantage
3-6 months' experience

**Key Performance Requirements**
Attend to tasks associated with the operations of the Control Room, Receiving, responding and/ or transferring messages and Information to facilitate and co-ordinates specific action or Intervention
Provide general office clerical support to enable accomplishment of specific delivery related requirements and /or instruction for the Fire, Emergency & Disaster Management Services.

## CORPORATE SERVICES

### ORGANISATIONAL DEVELOPMENT PRACTITIONER

(HRC060113)
VAC No: CS02/19

**Basic Salary**
R258 967.65– R336 155.65 pa. T11

**Qualifications/ Requirements**
Matric or Grade 12 – NQF Level 4
Degree in Industrial and Organisational Psychology
ODETDP an added advantage
Computer Literacy – Office Applications
Code EB Driving License
2-3 years' relevant work experience

**Key Performance Requirements**
Coordinate and process the Organisational Development function at Msunduzi Municipality through the implementation and alignment of policies, procedures, systems and controls. Guide critical management service interventions, applications and outcomes and providing strategic advice on the mission critical initiatives with respect to Organisational Development aimed at supporting the accomplishment of the Municipality's key performance areas and service delivery objectives.

## FINANCIAL SER VICES

### ADVISOR (COMPLIANCE & REPORTING)

(FIN120073)
VAC No: FIN02/19

**Basic Salary**
R305 734.14 – R396 856.89 pa. T12

**Qualifications/ Requirements**
Degree in B Com Accounting
Computer Literacy- Office Application
4 years of work experience
Completed articles
Knowledge of local government legislation

**Key Performance Requirements**
